Isifundo 4

**Masingana 20-26*

Phunyuka Ezindleleni Zezwe

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
IHubo 119:11; Efesu 6:18; Rom. 8:5, 6; Heb. 11:1-6; 1 Amakhosi 3:14; Heze. 36:26, 27.

Indimana Yekhanda:
"Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka, kepha ukulunga kophula ekufeni….Owethemba ingcebo yakhe uyakuwa, kepha abalungileyo bayakuhluma njengamaqabunga aluhlaza" (Izaga 11:4, 28).

Nakuba uSathane wehluleka kuJesu, ube nempumelelo kubo bonke abanye. Uzoqhubeka nokwenze njalo, ngaphandle kokuthi silwe ngezikhali namandla kaNkulunkulu, okunguYena kuphela osinika inkululeko ekuthathekisweni yizwe. Ngakhoke, asigxilise amehlo ethu kuMhlinzeki wethu wasezulwini. UDavide wabona igugu langempela ekuphileni ngesikhathi ebhala ethi: "Amabhongo ezingonyama ayaswela, alambe, kepha abafuna uJehova abayikuswela lutho oluhle" (IHubo 34:10). Injabulo yeqiniso nokuphila kahle kufika ngokuthi sisuse amehlo ethu ezintweni esinazo, sibheke kuKrestu ophilayo, onguMnikazi wethu.

Okuyilona themba lethu kuphela lokuphepha ubukhazikhazi bomhlaba ukuba nobudlelwane obuphilayo nobunempumelelo noJesu. Kuleliviki sizofunda ngezinto ezakha lobo budlelwane, nokuthi kubaluleke kangakanani ekukholweni kwethu ngempumelelo ukuthi sibone lowo ocashe ngemuva kobukhazikhazi bomhlaba, sibone ukubaluleka kukaKrestu njengesizathu sokuphila.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Masingana 27.*

Ubudlelwane noKrestu

Uthando lwezinto zomhlaba, ngisho nakulabo abanokuncane, kungaba yiketanga elinamandla elibophela umphefumulo ezweni, esikhundleni kukaKrestu. Noma singenakho okuningi kwalomhlaba, isifiso esivuthayo sokuzuza izinto zasemhlabeni singaba yisiqalekiso esesabekayo okungathi uma singabekwanga ngaphansi kolawulo lukaNkulunkulu, siholele umuntu kude nosindiso. USathane uyakwazi lokhu, kanti yisona sizathu nje esebenzisa uthando lwezinto zezwe ukuthiya abaningi.
Yisiphi okuyisona siphephelo sethu na?

Nakani okwaphezulu, ninganaki okwasemhlabeni" (Kolose 3:2). Sikwenza kanjani lokho uPawulu athi asikwenze? (Bheka neHubo 119:11, Efesu 6:18)).

Yiziphi ezinye izindimana ongazithola ezisitshela lapho simelwe ukugxilisa khona izingqondo zethu? (Isibonelo, bheka kuFilipi 4:8).

Okuyilona khambi lokuthanda izwe, noma liza ngayiphi indlela, ukuzinikela okuqhubekayo kuKrestu (iHubo 34:1) ngezikhathi ezinzima nezimnandi emhlabeni. UMose "wathi ihlazo ngenxa kaKrestu liyigugu elikhulu kunengcebo yaseGibhithe" (Heb. 11:26). Ngaphambi kwanoma yibuphi obunye ubudlelwane, uKrestu akabe owokuqala. UKrestu ulindele ukuzinikela okusuka enhliziyweni, hhayi okokukhetha; okusho ukuthi asizinikele kuKrestu ngoba eyiLowo aNguye nalokho asenzele kona, hhayi ngoba kukhona ukusizakala kwamanje esizokulethelwa ukuzinikela nokukholwa kwethu.

Izimpilo zethu azifihlakale kuJesu, amacebo aKhe kube amacebo ethu. Ukuzinikela kweqiniso ukubeka isandla egejeni ngaphandle "kokubuka emuva" (Luka 9:62). Uma senza ukuzinikela okunjalo, uJesu usiphakamisela kukho konke okungase kwenzeke. Uma sizinikela kuYe, uzonqamula amandla ezwe asibambile. Asibe abagxile kuKrestu kunokuba sigxile kumina; yilokho kuphela okuyovala isikhala ezimpilweni zethu.

Cabanga ngesikhathi lapho wake wathola impahla yasezweni, into owawukade uyifuna ngempela. Kwathatha isikhathi esingakanani ngaphambi kokuthi intokozo nokwaneliseka kuphele, uzithole sewubuyela lapho wawuqale khona vele?

EZwini

Sekusatshalaliswe amaBhayibheli angaphezu kuka 6 billion emhlabeni wonke, kodwa mangaki athathwa njengeZwi likaNkulunkulu ophilayo? Mangaki afundwa ngenhliziyo eqinisekile nevulekele ukwazi iqiniso? Ukufundwa kweBhayibheli okuyikona kona kuqondisa indlela yethu, kusisize ukubona indlela yethu emhlabeni wamanga nesiphithiphithi. IBhayibheli incwadi ephilayo evela ezulwini (Heb. 4:12), kanjalo-ke lisikhomba emaqinisweni esingeke siwathole kwenye indawo. IBhayibheli yibalazwe likaKrestu lokuphila kwansuku zonke, futhi lisifundisa ngokwenabisa imiqondo yethu, lilolonge nezimilo zethu.

Funda kuJohane 5:39, 14:6, no 20:31. IBhayibheli, kakhulu izincwadi zamavangeli, lisinika ulwazi olunegunya elikhulu ngoJesu. Lezindimana kuJohane zithini ngaYe nokubaluleka kwaKhe kithina nakho konke esikholelwa yikho na?

Sifunda iBhayibheli ngoba liwumthombo wokugcina weQiniso. UJesu uyiQiniso, kanti eBhayibhelini sithola uJesu ngendlela esingamthola ngayo ngenxa yendlela embulwe ngayo lapho. Lapha, eZwini likaNkulunkulu, iTestamente eliDala neliSha, sifunda ngoJesu ophilayo nalokho asenzele kona. Bese sigajwa uthando lwaKhe, sinikele izimpilo zethu nemiphefumulo kuYe ukuze asilondolozele kona kuze kube phakade. Ngokuthi silandele uJesu nokulalela amazwi aKhe njengoba embulwe eZwini laKhe, singakhululeka ekuthunjweni yisono nezwe. "Kanjalo-ke uma iNdodana inikhulula, niyokuba ngabakhululekile ngeqiniso" (Johane 8:36).

Funda kwabaseRoma 8:5, 6. Sixwayiswa ngani lapha, futhi ukufunda iZwi likaNkulunkulu kungasisiza kanjani kulomzabalazo wezingqondo zethu na?

Uthando lwezwe, kakhulukazi uthando lwezinto zasezweni, lungasiheha kalula sisuke kuNkulunkulu uma singaqaphele. Kungakho nje sidinga ukuhlala eZwini, okuyilona elisikhomba ezintweni zaphakade nezakwamoya, ezibaluleke kakhulu empilweni yomKrestu. Uthando lokwezwe akuyiphakamiseli ingqondo ezintweni zakwamoya nokwehlukanisa okuhle nokubi; kunalokho, lufaka ubugovu, ukuzicabangela, nenkanuko esikhundleni sezimiso zeBhayibheli. Uthando, njengoba lwembuliwe eBhayibhelini, lwakha ubudlelwane ngokusifundisa ukubaluleka kokuzinikela kwabanye. Ngokuphambene nalokho, ubuzwe buthi gombela kwesakho, okuyinto ephikisana nakho konke okumelwe uJesu.

Impilo Yokuthandaza

" 'Yilokhu ukuphila okuphakade, ukuthi bazi Wena Nkulunkulu weqiniso, noJesu Krestu omthumileyo' " (Johane 17:3). Akumangalisi ukuthi amaKrestu avame ukuthi ukukholwa kwawo kumayelana nobudlelwane noNkulunkulu. Uma ukwazi uNkulunkulu kungukuphila okuphakade, kusho ukuthi singakuthola lokho kuphila ngokuba nobudlelwane naYe. Futhi-ke, okubalulekile kulobo budlelwane, ukuxhumana. Sibonile izolo ukuthi uNkulunkulu uxhumana nathi ngeZwi laKhe elingcwele. Thina-ke sixhumana naYe ngomthandazo.

Uma, njengoba sesibonile, sizogxilisa izingqondo nezinhliziyo zethu kokwasezulwini kunokwasemhlabeni, kusho ukuthi umthandazo uyadingeka. Lokhu kungenxa yokuthi umthandazo usikhomba ezingeni eliphakeme kunelezwe. Kodwa namanje, sidinga ukuqaphela ngoba ngesinye isikhathi imithandazo yethu kungenzeka kube eyobugovu. Yingakho nje sidinga ukuthandaza ngokuzithoba entandweni kaNkulunkulu.

Eminyakeni eminingi eyedlule, owesifazane wacula iculo elithi: "O, Nkosi, kodwa ungake ungithengele iMercedes-Benz?" kwakuyindlela yakhe yokuhlasela ukuthanda izwe kwalabo abazibiza ngokuthi bakholwa kuNkulunkulu. Nathi, sidinga ukuqiniseka ngokuthi uma sithandaza, okuyisenzo sokuzithoba kuNkulunkulu nokufa kwezwe kithina, ukuthi sifuna intando kaNkulunkulu, hhayi-nje eyethu.

Funda kumaHeberu 11:1-6. Iyiphi ingxenye emqoka okufuneka ixubane nayo yonke imithandazo yethu? Futhi, kusho ukuthini ukuza kuNkulunkulu ngokukholwa nokuthandaza ngokukholwa?

Uma kungekho ukuhlangana kokukholwa nemithandazo yethu, kuzokuba khona ukucabangela, okuwukukholwa mbumbulu. "Umthandazo nokukholwa kusondelene kakhulu, futhi kudinga ukufundwa kanyekanye. Emthandazweni wokukholwa kukhona isayensi yasezulwini; yisayensi edinga ukuqondwa yibo bonke abafuna ukwenza umsebenzi wabo ube yimpumelelo. UKrest uthi: 'Konke enikukhulekelayo nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba nakho.' Marko 11:24. Ukwenza kube sobala ukuthi ukucela kwethu akuhambisane nentando kaNkulunkulu; asicele izinto azethembisile, futhi konke esikwamukelayo akusetshenziselwe ukwenza intando yaKhe. Uma imibandela seyifezekile, isithembiso asingabazeki." —Ellen G. White, *Prayer*, ikhasi 57.

Ake ubuke eyakho impilo yokuthandaza. Yini oyithandazelayo? Ithini imithandazo yakho ngezinto ezibalulekile kuwena? Yiziphi ezinye izinto ongadinga ukuzithandazela?

Impilo Yokuhlakanipha

Enye yezindaba ezimnandi kakhulu eBhayibhelini indaba yesicelo sika Solomon kuNkulunkulu, ecela ngaphezu kwazo zonke izinto 'inhliziyo enokuqonda ukuze ahlulele kahle abantu bakaNkulunkulu, akwazi ukwehlukanisa phakathi kokuhle nokubi. Ngokuba ubani okwazi ukwahlulela lesizwe esikhulu sikaNkulunkulu?' (1 Amakhosi 3:9).

Mazwi mani abalulekile ashiwo uNkulunkulu kuSolomon, ukuba uSolomon wayewenzile, ayezomsiza ukugwema umonakalo owalethwa ubuningi bempahla yakhe? Kungani lokho okwashiwo uNkulunkulu kuye kubalulekile nakithina sonke? 1 Amakhosi 3:14; bheka no 1 Johane 5:3, 1 Petru 4:17.

USolomon wayehlakaniphe kakhulu, kodwa ukuhlakanipha kukodwa nje, uma kungalalelwa noma kuphilwe, kuvele kufane nolwazi oluhle nje. Ngendlela elisetshenziswe ngayo eBhayibhelini leligama, ukuhlakanipha okungasetshenziswa, akusikho ukuhlakanipha kwangempela. Abaningi bayolahlwa yize bebenolwazi oluningi nolufanelekile ngoNkulunkulu nezimfuno zaKhe. Kodwa ukungalaleli kukaSolomon kwamenza waphambuka endleleni uNkulunkulu ayekade embizele kuyo. Waze wabuyela emqondweni esekhulile, wabhala ngokuzithoba ethi: "Ngokuba ukuhlakanipha kuhle kunamarubi, nakho konke okungafiswa akunakulinganiswa nakho" (Izaga 8:11).

Ukuhlakanipha ukusebenzisa ulwazi nokuqonda. Ulwazi lusho amaqiniso; ukuqonda kusho ukukwazi ukwehlukanisa; ukuhlakanipha kubonakala lapho sesisebenzisa ukuqonda nolwazi ezimpilweni zethu. Inceku ehlakaniphile ayidingi nje kuphela ulwazi nokuqonda, kodwa namava ahambisana nokuphila ngokwalolo lwazi nokuqonda.

Isibonelo sikaSolomon sisitshengisa ukuthi kulula kangakanani nakumuntu onokuqonda okukhulu ukukhukhulwa ubuze bempilo yezwe uma lowo muntu engaluphili lolo lwazi aphiwe lona.

Qhathanisa u 1 Korinte 3:19 neZaga 24:13, 14. Yini umehluko phakathi kwezinhlobo ezimbili zokuhlakanipha okukhulunywa ngazo kulezindimana? Yabelanani ngezimpendulo zenu eklasini ngeSabatha.

UMoya ONgcwele

Impikiswano enkulu into yangempela; izinhlangothi ezimbili zilwela imiphefumulo yethu. Olulodwa lusidonsela kuKrestu (Johane 6:44), olunye lusidonsela ezweni (1 Johane 2:16). Amandla kaMoya oNgcwele ezimpilweni zethu azosidonsela endleleni elungile uma sizithoba kuYena. " 'Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso' " (Johane 16:13); bheka no Johane 14:16). UMoya oNgcwele usipha amandla okuphila ngezimiso nangokukholwa, hhayi ngokwemizwa ebusa izwe kangaka. Ukuzilungisela ukuphila ezulwini okunempumelelo kuza ngokuphila ngokwethembeka kulomhlaba ngaphansi kokuholwa uMoya oNgcwele.

UPawulu weluleka athi: "Ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kume ngamandla kaNkulunkulu" (1 Kor. 2:5). Ukuheha kwezwe, okuvame ukwenzeka ngezinto zalo, kusidonsela kude noNkulunkulu. Ngakolunye uhlangothi, uma singazabalazi, amandla kaMoya oNgcwele azosidonsela kuJesu.

Impumelelo ekulweni nezwe nokuheha kwalo izotholakala kuphela ngamandla angaveli kithina. Funda kuHezeeli 36:26, 27; Johane 14:26; nakuEfesu 3:16, f17. Uma sivumela uMoya oNgcwele asibuse, yiziphi izinto ezizokwenziwa uNkulunkulu ukusiqinisekisa ngokunqoba enkolweni?

_____

_____

_____

"Usebenzisa izimfundiso-ze namasiko uSathane ukuze abe namandla phezu kwengqondo. Ngokudonsela abantu ezimisweni zamanga, wonakalisa isimilo. Ngokusebenzisa iMibhalo, uMoya oNgcwele ukhuluma nengqondo, aqophe iqiniso enhliziyweni. Kanjalo-ke uveza obala, inkohliso, ayixoshe emphefumulweni. KungoMoya weqiniso, esebenza ngeZwi likaNkulunkulu, lapho uKrestu ethobisela abantu baKhe abakhethiwe kuYena."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 671.

UMoya oNgcwele uYena ophethe iqiniso, futhi yisona sipho esikhulu uJesu ayengasinika sona ukumela ubuNkulunkulu emhlabeni ngemuva kokwenyuka kwaKhe. UMoya oNgcwele uzamela ukusinika amandla okunqoba ukuheha okunamandla kwezwe nokubukeka kwalo.

Izwe liyasidonsa sonke, akunjalo na? Ungenza kuphi ukukhetha khona manje okungakusiza uzinikele kuMoya oNgcwele, okunguYena kuphela ongakunika amandla okumelana nezilingo zezwe?

Ukujula Nomcabango: Inceku yenza konke ngaphansi kwezimiso ezingamawele--umsebenzi nothando. "Khumbula ukuthi umsebenzi unewele—uthando; uma lokhu kubambene, kungafeza cisho noma yini, kodwa uma kwehlukene, okunye akukwazi ukwenza okuhle."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 4, ikhasi 62. Umsebenzi uthando olusebenzayo. Kuphela-nje, sidinga ukugxila emhlatshelweni kaKrestu ukuze uthando luphaphamele ukusebenza. Ngokuphambene nalokho, kukhona izimiso zezwe: inzondo newele layo, ukuhlubuka. Uhlubuko lungaba yinzondo isisebenza. ULusifa wahlubuka kuNkulunkulu (Hezekeli 28:16, 17) futhi ngeke ayeke ukwenza lokho, uyoze abhujiswe. Waphendulela amandla othando wawenza uthando lwamandla. Abaholi bakwaIsrayeli balizonda igunya likaJesu (Math. 22:29). Nangesikhathi bebaleka ethempelini, noma bebalekela iso laKhe elalibabuka, abazishintshanga izindlela zabo.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Gxila kulomqondo wothando nokusebenza. Usho ukuthini uEllen G. White uma, esekubize ngamawele lokhu, ethi okunye akukwazi ukwenza okuhle ngaphandle kokunye? Uthando lunjani ngaphandle komsebenzi, futhi umsebenzi ubukeka kanjani ngaphandle kothando? Kudingeke ngani ukuthi kokubili kube ndawonye na?

2. Indimana yekhanda yaleliviki ithi: "Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka, kepha ukulunga kophula ekufeni….Owethemba ingcebo yakhe uyakuwa, kepha abalungileyo bayakuhluma njengamaqabunga aluhlaza" (Izaga 11:4, 28). Isho ukuthini lendimana? Yini ekushoyo ngengcebo, futhi yini engakushongo?

3. Eklasini, xoxani ngempilo kaSolomon. Buzani ukuthi kwenzeka kanjan ukuthi aze aphambuke kangaka endleleni. Funani encwadini yoMshumayeli izindimana ezisiza ukuveza obala ubuze bempahla yasezweni, nakuba njengoSolomon, sinezinto eziningi. Sifundeni kuleliviki ngomthandazo, ngokufunda iBhayibheli, nangobudlelwane noKrestu okungasigcina sisendleleni efanelekile?

4. Kungenzeka kanjani ukuthi abantu abangacebile nabo bazithole bebanjwe ogibeni olucushwe nguSathane?

5. Niqhamuke nayiphi impendulo embuzweni wokugcina wangolwesiNe okhuluma ngezinhlobo ezehlukene zokuhlakanipha?